

uPeter beno Phumla amaPhengwini

AmaPhengwini amabili ase Afrika
uPeter no Phumla baphuma olwandle
beyongena esidlekeni sabo
esiqhingini sase Dassen.



Babukana
ngokumangala
nokuthuka!

Izimpaphe
zabo ezimhlophe
zase zigqwalile,
zingcolile, sezinsundu.



uPeter wasebenzisa
umlomo wakhe
ukuzihlanza.

Ethatha uphaphe
nophaphe
ngalunye
ngomlomo wakhe
ukuze asuse
ukungcola.

Kodwa

amafutha

amafutha

amafutha



Bandla uPeter no Phumla abakwazanga ukususa ukungcola
emaphikweni abo.



Umkhumbi wahlephuka phakathi bese u-oyela (ongahluziwe) wachithekela phakathi olwandle, lapho uPeter no Phumla babebamba khona izinhlanzi abazidlayo. U-oyela wenza izimpaphe zabo zinamathelane ndawonye.

Abantwana besikole ababili, uJohn no Londi bafika bezosiza abantu ababezama ukusiza uPeter no Phumla kanye namanye amaphengwini ukuthi ahlanzeke.



Babathatha bonke babayisa endaweni eyodwa bafike babahlanza ngensipho namanzi. Base bebahlambulula ngepayipi lamanzi.

Lensipho iphinde yawasha nohlobo olukhethekile la oyela oluse zimpapheni zamaphengwini, oluwagcina efudumele liphinde liwomise uma ebhukuda. Ngaphandle kwalo oyela ngeke bakwazi ukubhukuda ukuze babambe ukudla kwabo.





Ngenxa yalokhu uJohn noLondi babagcina esibhedlela esikhulu samaphengwini la bebanakekela khona bebadlisa izinhlanzi .



Ngenkathi u oyela okhethekile usubuyile ezimpapheni zabo basebenamandla anele ukuthi bangazibambela ukudla kwabo futhi, babuyiselwa olwandle lapho u oyela ongahluziwe ongcolile ungasekho.

U oyela wami okhethekile usubuyile.



Sesihlanzekile, nolwandle luhlanzekile futhi.

Wonke umuntu kumele anakekele angangcolisi ulwandle kanye nemifula ngezinto ezingabulala izinyoni kanye nezinhlazi.

